



## transport

Department:

Transport

PROVINCE OF KWAZULU-NATAL



**MNUZ. T.M. KAUNDA**

UNgqongqoshe  
wezokuThutha, ukuPhepha  
nokuXhumanisa uMphakathi  
KwaZulu-Natal

# Sebeqalile ukuncoma uKaunda embonini yamatekisi



UNgqongqoshe wezokuThutha uMnu Mxolisi Kaunda ngokubambisana neMeya yaseMtshezi uKhansela Bongani Dlamini, uSihlalo weSANTACO KwaZulu-Natal, uMnu Boy Zondi noMeya wase Mbabazane uKhansela Phindile Strydom bavule isikhungo sezokuthutha edolobheni laseMtshezi, esibize u-R87 million.

Isithombe: Thami Mkhulisa



# UKaunda uncome ukubambisana nembali yamatekisi



**UNDUNANKULU uMnu Willies Mchunu ngenkathi esaphethe ezokuThutha nyakenye wavula isikhungo samalayisensi okuthutha umphakathi eMnambithi.**

*Isithombe: Sbu Zungu*

**SIBONGISENI THABETHE**

UMSEBENZI omkhulu obhekene noMnyango wezokuThutha ukuze imboni ilawuleke ngomthetho kuba ngokukhishwa kwamalayisensi okuthutha umphakathi, ama-Operating Licence.

Ama-Operating Licence yiwona asemqoka njengoba ehlu-kanisa phakathi ko-operator abasemthethweni nabangekho emthethweni. Yingakho futhi uthola nokuthi umsebenzi wokukhishwa kwamalayisensi uhlala uba nezinselelo eziningi eziqha-

muka ngaphakathi nangaphandle. Uqale wayindlelele kanjena inkulumbo yakhe uNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda ngenkathi echaza ngosekwenziwe mayelana

nezinselelo zokukhishwa kwama-Operating Licence emnyangweni wakhe.

Ubekhuluma embizweni abeyibizile ngokubambisana noNdunankulu wesifunda saKwaZulu-Natal uMnu Willies Mchunu, phakathi koMnyango wezokuThutha nembali yamatekisi esifundazweni ebiseThekwini ngeledlule.

“Sesikwenze kwaba ngcono kakhulu ukusebenza kwebhodi, njengoba sekuyiProvincial Regulatory Entity (PRE), ngohlelo lokusabalalisa amahhovisi ukuze asondele kubantu ngokwezifunda. Lokhu sikwenze sibambisane nembali yamatekisi.

**Sesiyakwazi ukubona ukuthi njengamanje kusuka ngo-2013 sinama-operator amangaki embonini**

Njengamanje uMnyango usunamahhovisi akhipha amalayisensi amane asebenzayo esifundazweni, kanti elesihlanu nalo kulindeleke ukuba livulwe maduze nje,” kusho uKaunda.

Uthe amahhovisi asebenzayo ngeleMgungundlovu, eMpangeni, eMnambithi nasePort Shepstone kanti sekubhekwe ukuba kuvulwe

elaseJozini manje. “Kukhona futhi amathathu esizowavula ngonyaka wezimali ozayo eZululand, eHarry Gwala naseThekwini. Ekugcineni sifuna ukuba nehhovisi kwidistrict ngayinye esifundazweni,” kuchaza yena. Kusukela eqalile ukusebenza la mahhovisi asekwazile ukukhipha amalayisensi izibalo zawo okungu-4 875 eMgungundlovu, 1 928 eMnambithi, 893 eMpangeni no-507 ePort Shepstone.

Kukhona nohlelo lwe-SMS oluqinisekisa ukuthi umuntu uba nolwazi ngesimo sesicelo sakhe kuze kube kuphuma iphemithi. Konke lokhu kusiza kakhulu ukwehlisa izindleko nesikhathi esichithwa yimboni ukuthola i-Operating Licence. Ngo-2012 futhi kwanconywa ukuba kulungiswe uhlu lwamagama abanikazi bamatekisi abakhona esifundazweni.

UKaunda uthe uMnyango wakhe usunemininingwane eqondile ngesimo semboni. “Sesiyakwazi ukubona ukuthi njengamanje kusuka ngo-2013 sinama-operator angu-15 261 embonini, 13 146 abasemthethweni; isibalo sama-Operating Licence akhishiwe u 8 213; isibalo sama-Operating Licence asasetshenzwa ehhovisi u 570; nesibalo sama-operator alethwe yimboni angenawo ama-Operating Licence u 2 115,” kuchaza uKaunda.

# Ikhombisa ukuzimisela ngokuthula imboni yamatekisi

**SIBONGISENI THABETHE**

UNGQONGQOSHE wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda uthi kunobufakazi obubonakalayo manje ukuthi ukungenelela koMnyango wakhe ekuletheni uxolo embonini yamatekisi sekusize kakhulu ukuguqula imiqondo yabantu ukuba baxazulule izinkinga ngokuxoxa esikhundleni sokusebenzisa udlame.

Uthi isibonelo nje, impumelelo ekuxazululeni udaba lwaseNewcastle ikhombisa ukuzibophezela okukhulu embonini ukuthi ixoxisane iyodwa futhi ixoxisane noHulumeni nezinye izinhloko ezithintekayo.

“Kuningi nokunye esesikwenzile ngobuholi obuqavile bukaMac-ingwane (uNdunankulu Willies Mchunu) njengakososeshini waseStanger naKwaMaphumulo lapho esikholwa ukuthi ukuphuthulwa kwezinhlelo zezomthetho esizifake khona kuzosiza ukuvala isahluko sodlame nokungabikhona kozinzo phakathi kososeshini.

“Endaweni yaKwaNongoma noLundi-Mahlabathini nakhona sekubonakala uzinzo ngemuva kokuthi sifake uhlelo lokulandelwa komthetho,” kusho uKaunda.

Uphinde wabonga ukuthi emizamweni yokungenelela kulabo abalokhu beqhubeka nokungabambisani noHulumeni, iKhabhinethi yesifundazwe igunyaze izindlela uMnyango ongazisebenzisa nesezikhombise ukuba yimpumelelo.



**INGXENYE yamakhulu abanikazi bembali yamatekisi abebethene embizweni ebizwe nguNgqongqoshe uMnu Mxolisi Kaunda eThekwini ngeledlule.**

*Isithombe: Zingisa Hlathi*

Lapha ubale, phakathi kokunye, uhlelo lokuphepha emarenki lapho kufakwa abaqaphi abaqashwe nguHulumeni, ama-boom gate kanye nobuchwepheshe bamakhamera. Lolu hlelo selufakiwe eNewcastle nasePort Shepstone kuMasipala wase Hibiscus Coast. “Siyafisa futhi ukugcizelela ukuthi izinyathelo ezinqala njengoku-

valwa kwerenki noma ukumiswa komzila sizoqhubeka nokuzithatha ngokulandela uSection 91 weNational Land Transport Act, lapho kuqhubeka khona udlame phezu kokungenelela kukaHulumeni. “Lena akuyona into esiyifisayo nakancane njengoba sazi ukuthi igcina ithinta abantu abaningi, okungabagibeli, abashayeli, osoma-

bhizinisi abasebenzela emarenki, amalungu omphakathi kanye nabo abanikazi bezithuthi uqobo,” kusho uKaunda. Uthe injongo kaHulumeni ukuqinisekisa ukuthi zonke izinselelo ezikhona zisingathwa ngokubambisana ngendlela efanele, kugwemeke konke ukuphazamiseka okugcina sekuchaphazela abagibeli.

“Lokhu sikwenza njengoHulumeni olalelayo ukuthi abantu bathini, kanti phela imboni yamatekisi siyazi ukuthi ibaluleke kakhulu ngenxa yobukhulu bayo neqhaza elibambile ekwakhweni komnotho namathuba emisebenzi,” kuphetha yena.



# Bagculisekile ngesinqumo kolwezimvume zokuthutha umphakathi

## SIBONGISENI THABETHE

BAPHUME behleka bodwa abanikazi bemboni yamatekisi emhlanganweni wabo noMnyango wezokuThutha, ngemuva kokuba uNdunankulu uMnu Willies Mchunu ememezele ukuthi kuzovulwa ithuba lokuba kufakwe izicelo zamalaysensi okuthutha umphakathi, ama-Operating Licence.

Ngeviki eledlule uNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda uhlanganise zonke izinhloka zemboni yamatekisi embizweni iTaxi Indaba ebiseThekwini.

Ngale mbizo, obekungeyesibili njengoba eyokuqala yaba ngo-2012, uHulumeni wesifunda ubehlose ukwazisa abanikazi bemboni ngenqubekela phambili esibe khona bese kubhekwa nezindlela zokuxazulula lezo zinkinga ezisekhona.

Ngaphambi kokuba uqale umhlangano, udaba lwama-Operating Licence bekuyilona abanikazi bemboni abangingi abalangazelela ukuzwa ngalo. Ngenkathi ethula inkulomo yakhe njengoNdunankulu kanti kuqondana nokuthi izinqumo mayelana nalolu daba zathathwa kusenguyena uNgqongqoshe wezokuThutha esifundazweni, uMchunu uthe ngemuva kokubheka izinto eziningi njengoHulumeni banqume ukuba bazemukele izicelo zama-Operating Licence amasha.

“Kodwa sifuna ukugcizelela ukuthi lapha sikhuluma ngabantu abavele sebekhona kososeshini abanezimoto kodwa bengenawo ama-Operating Licence. Udaba lokumiswa kokunikez-



**UNGQONGQOSHE uMnu Mxolisi Kaunda noNdunankulu uMnu Willies abashiye abanikazi bemboni yamatekisi bejabule ngesinqumo sokuba bafake izicelo zamalaysensi okuthutha umphakathi.**

*Isithombe: Zingisa Hlathi*

ela ngama-Operating Licence kubantu abaqala ukungena embonini, esithi i-moratorium, lwaluhambisana nesivumelwano nemboni ukuthi kumiswe ukukhishwa kwamaphemithi amasha,” kusho uMchunu. Uqhube wathi okusempeleni imboni iyona eyayikhala ngokuthi seyigcwele kakhulu ngakho-ke yacela kuke

kwenziwe ucwaningo ngokuthi asekhona yini amathuba okwenza inzuzo uma kuqhubeka kungena amanye amalungu kososeshini. “Kodwa futhi sesingakusho ukuthi ngemuva kokufuna uvo lwezomthetho ngalolu daba, sibe sesilulekwa ukuthi sithi ukulubeka eceleni lolu hlelo lwe-moratorium.

Kukhona-ke nezincomo umeluleki wezomthetho azenzile ezidinga sihlangane njengoMnyango wezokuThutha, omasipala ne South African National Taxi Council (SANTACO) ukuze senze uhlelo lokuvulela ukukhishwa kwama-Operating Licence kodwa ngendlela engeke idale ukungqubuzana futhi embonini,”

ecacisa uMchunu. Echaza indlela abagculiseke ngayo uSihlalo weSANTACO KwaZulu-Natal uMnu Boy Zondi, uthe isinqumo sikaHulumeni sibafice sebekulungele njengoba abanikazi bezimoto sebezilethe zonke izimoto kubona njengobuholi besifundazwe ezidinga ukunikwa ama-Operating Licence.

# Kuzobhekwa amasu okusabalalisa abamatekisi kwezomnotho



**UNGQONGQOSHE wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda okulindeleke ukuba ahlangele nozakwabo wezokuThuthukiswa koMnotho uMnu Sihle Zikalala badingide ngezindlela zokulekelela imboni yamatekisi kwezomnotho.**

*Isithombe: Thami Mkhulisa*

## MABUYI MKARRY

UDABA lokungena ngokugcwele kwezomnotho kosomabhezini abathutha umphakathi kulindeleke ukuba lungene kwelinye izinga uma iminyango owezokuThutha nowokuThuthukiswa koMnotho ingenelwa ukusiza abanikazi bemboni yamatekisi esifundazweni. Lokhu kulandela ukuthi uNdunankulu

waKwaZulu-Natal uMnu Willies Mchunu eyalele uMnu Mxolisi Kaunda ophathiswe ezokuThutha ukuba ahlangele nozakwabo uMnu Sihle Zikalala wezokuThuthukiswa koMnotho ukuze babheke ukuthi yiziphi izindlela okungalekelelwa ngazo abanikazi bamatekisi ukuba basabalale kwezomnotho. UMchunu ulinganise ngohlelo

i-“Operation Phakisa” olwaqalwa uMongameli wezwe uMnu Jacob Zuma ngenhloso yokugqogqezela ezomnotho emikhakheni ebinganakiwe kakhulu.

Phakathi kwemikhakha lolu hlelo olugxile kuyona kukhona owomnotho wasemanzini njengokusebenza ngemikhumbi. UMchunu uthe isifundazwe iKwaZulu-Natal

sinamachweba amakhulu eThekwini naseRichards Bay lapho kungena futhi kuphume impahla ngemikhumbi.

“Kuyajabhiswa ukuthi ibhizinisi elinjengaleli elingenisa imali eyizigidi ngezigidi zamarandi ezweni lethu, kodwa izakhamuzi zalo azizuzi lutho ngalo. Ukusebenza kwalo konke kusezandleni zezizwe zan-

gaphandle. Sekutholakele ukuthi imikhumbi iphuma ingena nje emachwebeni akithi kodwa awukho nowodwa owalapha eNingizimu Afrika,” kusho uMchunu.

Wengeze ngokuthi kumele abemboni yamatekisi babambe iqhaza manje nabo kulo mkhakha wezomnotho wasolwandle neminye ukuze bathuthuke.

Naye enkulumweni yakhe uKaunda ukugcizelele kakhulu ukubaluleka kokuba kusheshiswe udaba lokuthi abanikazi bemboni yamatekisi bakwazi ukusabalala bangene kwamanye amabhezini amakhulu, ikakhulukazi emkhakha wezokuthutha.

## Sifisa ukugcizelela ukuthi kusemqoka sibambisane kulolu hlelo ngendlela ezobhekela ukwabelana kahle ngomsebenzi phakathi kwamatekisi namabhasi

“Njengamanje imboni yamabhasi bekuseyiyo ebonakala inamathuba okuba kukhuliswe osomabhezini bemboni yamatekisi. Kulo nyaka wezimali ka-2016/17 uMnyango uhlele ukukhipha izinkotileka eziyishumi ezindaweni esezihlonziwe esifundazweni. Sifisa ukugcizelela ukuthi kusemqoka sibambisane kulolu hlelo ngendlela ezobhekela ukwabelana kahle ngomsebenzi phakathi kwamatekisi namabhasi lapho kusebenza khona lezi zimbomboni zokuthutha zombili,” kuphetha uKaunda.

# UKaunda ushayele ihlombe imboni yamatekisi ngoqeqesho lwamakhono obuholi

**AKHONA DLAMINI**

UNGQONGQOSHE wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi KwaZulu-Natal uMnu Maxolisi Kaunda ubongele abeKwaZulu-Natal Taxi and Commuter Corporation (KZNTCC) ngokuzibandakanya noqeqesho oludingeka kakhulu ebuholini bemboni yamatekisi.

**Lolu qeqesho beluqondiswe ngqo ezingqinambeni ezibhekene nemboni yamatekisi nokuthi kuzobhekwanakanjani nazo lezo zingqinamba**

Lokhu kuvele ngesikhathi uKaunda ehambele umcimbi wokunikezwa kwezitifiketi obuse-Inkosi Albert Luthuli International Convention Centre (ICC) eThekwini, ukuzohalalisela amalunga emboni yezokuthutha ngokuphuthula uhlelo lwawo lokuqeqeshwa.

Lolu hlelo kuhloswe ngalo ukuthuthukisa ubumbano embonini yamatekisi kulesi sifundazwe nokubhekelela ukuthula endaweni ngesikhathi kuthuthwa imiphakathi.

Ngesikhathi ethula inkulumbo yakhe, uKaunda uthe: “Ngizizwa ngithobekile kakhulu ukuthi ngibe yingxenywe yalo mcimbi wokunikezwa kwezindondo wemboni yamatekisi owenganyelwe abe-KZNTCC egameni leSANTACO ngokuxhaswa uMnyango wezokuThutha.



UNGQONGQOSHE wezokuThutha uMnu Mxolisi Kaunda enikeza isitifiketi kuSihlalo weSANTACO KwaZulu-Natal uBoy Zondi ngesikhathi kunomcimbi we-KZNTCC wokunikezela ngezitifiketi.

Isithombe: Thami Mkhulisa

Asinakho nakancane ukungabaza ukuthi loluqeqesho kanye nokuthuthukiswa kwabashayeli kuzoselekelela nathi ekuphuculeni ezokuphepha emgwaqeni nokuthutha okusezingeni eliphezulu,” kusho uKaunda. “Sizoqhubeka nokweseka imisebenzi yaloluhlobo okuhloswe ngayo ukuthi imboni yezokuthutha ibe ngethembekile, esebenza ngokweqiniso, ephiphile kanye nenokuthula kulesi sifundazwe,” kuqhubeka

uKaunda. Ngokusho kukaThandeka Mazibuko omunye wabathole isitifiketi sokuphuthula lolu hlelo uthe uqeqesho abalutholile lubazuzise ngolukhulu ulwazi. “Lolu qeqesho beluqondiswe ngqo ezingqinambeni ezibhekene nemboni yamatekisi nokuthi kuzobhekwanakanjani nazo lezo zingqinamba. Bekugcizelelwe futhi nokuthi ubuholi bemboni ngaphakathi emateki-

sini bungasebenza ukufafaza ivangeli elihle elingaletha izinguquko ezihlabahlosile kubuye kube nomkhomba-ndlela ozoqinisekisa ukuthi ukulethwa kwenzuzo kuba yimpumelelo ngaphakathi embonini,” kuchaza uMazibuko. UKaunda ube esegqunguzela labo abathole izitifiketi ukuthi babe ngoshampeni ekuphathweni kwamabhizinisi ngokuthi basebenzise ulwazi abalutholile ukwelekelela ukuguqula

imboni. “Nginxusa ngibuye ngigqunguzele abanikazi bezithuthi ukuthi baphathe amabhizinisi abo ngokucophelela okukhulu yikhona kuzophepha imiphakathi nemboni ikhule. Kanjalo sigqamisa ezokuphepha ematekisini esifundazwe ikakhulukazi imihlo yonke nangesikhathi samaholide esimatasatasa,” kuphetha uKaunda.

## Injabulo kuvulwa isikhungo sezithuthi Emtshezi



UMNU Mxolisi Kaunda ophathiswe ezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi ubexoxa nabagibeli ngenkathi evula ngokomthetho isikhungo sezokuthutha eMtshezi ngoLwesibili. UMnyango wezokuThutha utshale imali engu-R87 million ekwakhiweni kwalesi sikhungo esididiyele ndawonye amatekisi namabhasi.

Isithombe: Thami Mkhulisa

**MABUYI MKARRY**

ABAWUVALI umlomo ososeshini bamatekisi baseMtshezi kanye nomphakathi wonkana ngesikhungo sikanokusho sezithuthi zomphakathi (iPublic Transport Intermodal Facility) entsha ebivulwa ngokusemthethweni

nguNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda ngoLwesibili. Ukwakhiwa kwalesikhungo endaweni yaseMtshezi kube ngaphansi kohlelo loMnyango lokwakha izikhungo amaPublic

Transport Intermodal Facility. Loluhlelo lusebenzisana noMasipala bezindawo lapho benikezela ngendawo uMnyango wezokuThutha wona ufake imali kwakhiwe izikhungo. “NjengoHulumeni sesathatha isinqumo sokwakha lolu hlobo lwezik-

hungo, ezingaphezulu kwalokhu esikubiza ngamarenki, ngoba zihlanganisa ndawonye amabhasi namatekisi ngenhloso yokulekelela, ikakhulukazi abagibeli ukuba bafinyelele kalula ezintweni zokuhamba. “Ngenxa yokuntuleka kwamakhono nezimali komasipala abaningi, okudala ukuba bahluleke ukuzihlinzeka ngale ngqalasizinda, njengoMnyango sabe sesisebenzisa umgomo esibekelwe wona ngokomthetho ukuba silekelele bonke labo masipala abanale nselelo,” kusho uKaunda. UNgqongqoshe uqhubeka waveza ukuthi ukungabikhona kwengqalasizinda ehlinzeka izithuthi zomphakathi kungenye yezinto ezabonakala ukuthi zenza kungabi nohlelo lwezokuthutha umphakathi oluhehayo. “Nathi futhi njengoMnyango sabe sesiqala uhlelo lokubhekela ezokuthuthwa komphakathi, esithi i-Public Transport Plans (PTP). “Ubufakazi obukhona futhi buveza ukuthi uma izithuthi zomphakathi zingenayo ingqalasizinda ekahle, lokho kuba nomthelela ekunyukeni kwezindleko zokuqhuba umsebenzi okugcina sekuba ngabagibeli abathwala lezo zindleko. “Siyakholelwa futhi ukuthi ukuba

nengqalasizinda esezingeni elihle kuzosiza kakhulu ukukhuthaza ukusetshenziswa kwezithuthi zomphakathi esikhundleni sokuthi umuntu nomuntu asebenzise imoto yakhe. “Phela yikho lokho okwakha isiminyamina ezindaweni ezingamadolobha namalokishi, ikakhulukazi ngezikhathi zokuya nokubuya kwabantu emisebenzini nasezikoleni,” kubeka uKaunda. **Imali efakiwe kulo msebenzi ingu-R87 million** Uphinde wazisa umphakathi ukuthi lesi sikhungo sizokwanela amatekisi angu-190 namabhasi angu-15 ngesikhathi esisodwa. Kukhona izindawo zokuzikhulula, izindawo zokudayisa, kanti nabanikazi bemboni bazoba nehhovisi lokusebenzela ukuze bahleleke kahle. Imali efakiwe kulo msebenzi ingu-R87 million. “Njengenjwayelo-ke, emizamweni kaHulumeni yoku-guqula izimpilo zabantu, kukhona namathuba emisebenzi akwazile ukwenza ngcono izimo zokuphila emakhaya kubantu bendawo ngenkathi kwakhiwa,” kuphetha uKaunda.

**“Ezokuphepha Emgwaqweni Kungumsebenzi Wethu Sonke.”**